Established in 1952

**UKUHLAZIYWA OKUYISIQALO (BA) KANYE NOHLELO LOKUNGANYELWA KWEMVELO (EMPr) EKUFAKELWENI OKUHLONGOZWAYO KWETHANGI ELIWUMTHAMO ONGU 500M$^3$ LOKUGCINA U-OYELA OMNINGI OYISIBASI, E-GROOTVLEI POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**DEA EIA Ref. No: 12/12/20/2358**

**NEAS Ref. No: DEA/EIA/0000418/2011**

Ngokuhambisana nezimiselo zomthetho wokunganyelwa kwemvelo ezweni lonke i-National Environmental Management Act, 1998 (Act No. 107 of 1998) njengoba uchitshelwe kanye nemitheshwana yokuhlaziywa kemvelo, i-Environmental Impact Assessment Regulations, ngaphansi kwezaziso zikahulumeni ezingunombolo R543 no R544 ezamenyezelwa ngomhla zingu 18 June 2010, Isigaba 24 (5) esifundwa ngokuhmbisana nesigaba 44 soMthetho wokunganyelwa kweMvelo ezweni lonke, i-National Environmental Management Act (Act No. 107 of 1998), lapha kwenziwa isimemezelo sokuthi, abakwa-Eskom Holdings sebeqoke abakwa-SiVEST, njengezazi okubuzwa kuzo ezizimele zemvelo, ukuthi benze ukuhlaziya okudingekayo okuyisiqalo kanye nokubamba iqhaza komphakathi emsebenzini ohlongozwayo oshiwo ngenhla ngokuhambisana nezimiselo zalomsebenzi obhalwe ngezansi:

| **Isimemezelo sikaHulumeni R544 (18 June 2010)** | |
|---|---|
| Ukubhaliswa 1 Umsebenzi | (42) |

Intuthuko ehlongozwayo nengqalasizinda ehambisana nayo izombandakanya:

- Ukufakelwa kwethangi eliwumthamo ongu 500m$^3$ lokugcina u-oyela omningi oyisibasi, elizoba ngaphezu komhlaba; kanye
- Nengqalasizinda ehambisana nalokho.

Isiza salomsebenzi ohlongozwayo sise-Grootvlei Power Station.

Lapha uyaziswa ukuthi, abakwa-SiVEST sebethumele ifomu elifanele lesicelo eMnyangweni wezeMvelo (DEA) kanye nokuthi lomsebenzi ohlongozwayo usubhalisiwe eMnyangweni wezeMvelo (DEA) ngaphansi kwalezizinombolo eziwumkhondo ezilandelayo:

- DEA Reference Number - **12/12/20/2358**; kanye
- NEAS Reference number: **DEA/EIA/0000418/2011.**

**Uyacelwa ukuthi ubhalise njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekayo. Ukuze ubhalise njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekayo futhi uthole nolwazi oluthe xaxa (Umbhalo wolwazi oluyisisekelo)** sicela uthumele igama lakho, imininingwane yokuxhumana nawe kanye nalokho okukuhuhayo esicelweni, ukwenze lokhu ezintsukwini ezingamashumi amathathu kusukela ekwenziweni kwalesisaziso**.**

Sicela uqondise yonke imibuzo yakho, **ngokubhala** (incwadi, i-Fax noma i-E-mail) kulezizasi zokubamba iqhaza komphakathi okubuzwa kuzo ezibhalwe ngezansi:

**uNicolene Venter** noma u**Mabel Qinisile**

SiVEST Environmental
P O Box 2921 — **Ucingo:** (011) 798 0600
RIVONIA — **I-Fax:** (011) 803 7272
2126 — **I-E-mail:** nicolenev@sivest.co.za noma mabelq@sivest.co.za
**I-Website:** www.sivest.co.za